



liwela umfula ugqwela
Isolezwe

TERTIARY Ψ π TIMES

INYUVESI yakwaZulu (UNIZULU) isemkhankasweni wayo waminyaka yonke wokusiza umphakathi ngokucija abafundi basezikoleni zamabanga aphezulu KwaZulu-Natali ukuthi balungele ukuyofunda ezikhungweni zemfundo ephakeme.

Lolu hlelo luthinta ukuqinisa ubudlelwano nomNyango wezeMfundo wesifundazwe, othishanhloko bezikole zamabanga aphezulu nothisha, ngenhloso yokucobelela abafundi ngamasungezifundo abangazenza ukuqinisekisa ukuthi banekusasa eliqhakazile.

Ukwenza lokhu uphiko lokuNxenxa abafundi luba nezinhlelo zokuvakashela izikole zamabanga aphezulu esifundeni, lapho kuye kube khona nezithangami nabafundi, ikakhulu baka-Grade 9, okuyibona abadinga izeluleko ngezifundo nemikhakha okufanele bayikhethe.

Lolu phiko luhlela izingqungquthela nothisha abafundisa i-Life Orientation,

UNIZULU neqhaza layo ekucijeni abafundi ukuthi balungele imfundo ephakeme



USolwazi Mncedisi Maphalala, wesibili kusukela kwesokudla, i-Dean yoMkhakha wezeMfundo, edlana indlebe nomfundi kwesinye sezithangami zase-UNIZULU ngenakathi ivakashela izikole.

iziBalo neSayensi.

Le mkhankaso ihlomulisa zonke izinhlangothi, kuthi abafundi babone amathuba

amaningi abanawo ngemisebenzi abangayifundela, kuthi inyuvesi yona ikwazi ukuheha iqoqo elisha labafundi abangabhalisela

iziqu abangazenza, kubalwa nezemfundo ephakeme.

UPhiko oluNxenxa abafundi luvakashele izikole zamabanga aphezulu Esikhaleni, e-Port Shepstone, eThekwini nase-Bergville.

U-Nompilo Dlamini, umxhumanisi wenyuvesi nomphakathi, uthe ujabule kakhulu ngempumelelo yalo mbhidlango. “Mhla ka-9 Febhuwari, ngokubambisana noMkhakha wezeMfundo e-UNIZULU, saya kwi-Careers Day eyayihlelwe yi-Bergville Community Builders, ngokuhlanganyela nomNyango wezeMfundo oThukela noMasipala wasoKhahlamba.

“Lowo mcimbi waba yimpumelelo enkulu. Wahanjelwa yizikole eziwu-

18 nabafundi baka-Grade 11 no-Grade 12 abacela ku-1 500, ababa nethuba lokuhlangana bukhoma nongoti bezinkampani ezazikhangisa – okubalwa kuzo u-Eskom, i-Wits University, u-Nestle, ne-South African Weather Service ne-Aviation Academy,” kusho yena.

UNksz Dlamini uthe umbukiso owaba negalelo elikhulu ngowoGu and Sport Leisure eGamalakhe, e-Port Shepstone. Zingaphezu kuka-24 izikole kuthi babewu-3 000 abafundi abeza kuwo. Abafundi bathola ukuchushiswa ngemikhakha yomsebenzi abangayenza, okwabajabulisa kakhulu.

Ngalolu hlelo kuzophinde kuvakashelwe ezinye izikole kulo nyaka.

NGENKATHI uSarah Mungodla, umfundi wase Nyuvesi yakwaZulu (i-UNIZULU) ozokwethweswa iziqu zeMaster's, ethatha isinqumo sokwenza iziqu ze-chemistry uma eqeda isikole, wayephokophele ukuthola ikhambi lokwelapha ingculazi, kepha isifiso sakhe sasheshe sashabalala ngemva kokuthola umkhakha oxukuza ugebezi okuwumkhakha wezemandla.

Ngemva kokuthola iziqu zokuqala e-University of Free State, uNksz Mungodla, ona-26, wanquma ukubhalisela iziqu ze-Master's emNyangweni we-Chemistry e-UNIZULU, lapho ayazi ukuthi uzothola khona ukucathuliswa nokwesekwa okufanele lokwenza ucwaningo njengoba ayeke wezwa ukuthi uSolwazi Tshwafo Motaung, oyinhloko yomNyango we-Chemistry, naye unothando lwezemandla.

Uma ibheka emuva, le ntokazi yase-Bloemfontein ithi ayizisoli ngalutho ngesinqumo sayo njengoba iminyaka emibili ifunda e-UNIZULU izuze ulwazi oluningi ngomkhakha wayo, yazithola nokuthi ingubani yona.

Ngenkathi kunezinkinga zikagesi ezweni, uNksz Mungodla wenza ucwaningo ngesihloko esithi “The Technical and economic feasibility of setting up an anaerobic digester at the Empangeni Waste Water Treatment Plant”.

Ukugaya emkhakheni

wamandla kagesi yindlela esetshenziwa kakhulu emandleni ongayo kagesi. Imiphumela evela lapha iphinde isebenze ukuphakela ugesi nokuphehla ugesi. Ebona ukuthi u-Masipala waseMhlathuze unezimboni ezingaphezu kweziyisikhombisa zokuhlaza amanzi, wabheka indlela yobuchwepheshe neyongayo ngokomnotho ukusungula uhlelo olukhiqiza ugesi olongayo ukunciphisa izindleko zikamasipala.

Lo msebenzi wenziwe ngokubambisana ne-National Centre for Renewable Energy and Sustainable Studies e-Stellenbosch University no-Peter Ocholla wasemNyangweni we-Hydrology e-UNIZULU.

Esebenzisa imininingwane etholakala kwamasipala, uNksz Mungodla wasebenzisa izindlela zezibalo neqoqo lolwazi olucwaningekayo nezinye izinhlelo zokuqagula umphumela wokusebenzisa i-biodigester.

Umphumela ekupheleni kocwaningo, ngoNovemba 2018, waveza ukuthi nakuba ingafakeka i-biodigester kodwa kunezinto eziningi umasipala okungadingeka ukuthi uqale uzibheke ukuze kwenzeke ngendlela eyongayo.

“Ucwaningo lwaveza ukuthi minyaka yonke, umasipala ungakwazi ukonga imali ecela



U-Sarah Mungodla, ozothola iziqu ze-Master's e-UNIZULU, ubheke kude emkhakheni wokukhiqizwa kwamandla kagesi owongayo.

ku-R3 286 961 ngokusebenzisa i-Combined Head and Power (i-CHP) generator phakathi nezinsuku ngezikhathi lapho ugesi usuke usebenza kakhulu khona.

UNksz Mungodla uthe: “Kunobuhle empilweni yabantu ukusebenzisa ugesi okhiqizwe ngale ndlela njengoba kukhiqizeka umoya ongcolile omncane, ngenxa yokuthi kungasetshenziwa amalahle amancane ukuphehla ugesi. Ngokukhiqizwa kwamandla ongayo, isidingo sika-Eskom sikagesi okhiqizwa ngamalahle singancipha bese kwehla intela

ekhokhelwa ugesi.”

NgokukaDkt Linda Liganiso, obebheke ucwaningo lukaNksz Mungodla, iNingizimu Afrika inamandla amaningi angakasetshenziwa ukwenza imisebenzi kagesi owongayo.

UDkt Liganiso uthe: “Imisebenzi enjalo ingenza ukuthi iNingizimu Afrika ikwazi ukuhlangabezana nezimiso ezisoHlelweni lweNtuthuko kaZwelonke, ezithi kufanele kukhiqizwe ‘okungenani u-20 000MW wamandla kagesi owongayo ngonyaka ka-2030 nokuvalwa kweziteshi zikagesi esezindala ezikhqiza amandla awu-11 000MW.”

Ngaphezu kwalokho, uthi uziqhenya kakhulu ngomsebenzi kaNksz Mungodla weminyaka emibili efunda. “U-Sarah akesabi ukwenza umsebenzi onzima. Noma ngabe kuthiwa unzima kangakanani umsebenzi, akesabi ukuhlala amagqozo kuwo. Ngobunzima bomsebenzi ungathi yilapho echazeka khona. Wenze umsebenzi wocwaningo, wafuna usizo lwezimali, waqhamuka nendlela entsha yokwenza izinto kanyekanye ngenkathi enza i-MSc e-UNIZULU,” kusho uDkt Liganiso.

Ngenkathi kunenkinga yamanzi eKapa, uDkt Liganiso uthi uSarah waqhamuka

nesu lokwenza indlu encane engasebenzisi amanzi, alihlola ngenkathi eqhubeka nokwenza umsebenzi wakhe we-Master's.

Wakwazi ukuthola usizo lwemali luka-R500 000 emNyangweni wezokuThuthukiswa komNotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo. UNksz Mungodla uzoqedela indlela leli thoyilethi elingashaywa elisebenza ngayo ngenyanga ezayo.

Izinto ezinkulu azenzile azipheleli lapho. Usanda kuhamba amasonto amabili eyoqeqeshwa e-United Kingdom, lapho efike khona wafunda izindlela zokuthi umkhqizo wakhe ukwazi ukudayiseka, wenze inzuzo. Uhambo lwakhe beluxhashwe yi-Technology Innovation Agency.

Ushicilele amaphepha ocwaningo nezahluke ezimbili zezincwadi.

Iminyaka emibili edlule uNksz Mungodla imkhombise izinto abengazazi ngaye. Ngemva kokuthola usizo lokuxhaswa lomNyango, uneqholo lokuthi uzokwazi ukuthola okunye ukuxhaswa ngabanye abaxhasi okungenzeka ukuthi banobuchwepheshe obonga imvelo engasiza umnotho waseNingizimu Afrika. Kulapho ephokophele khona emsebenzini wakhe.

Uzoqala ngokusiza uyise owenza izitini esebenzisa umlotha wamalahle ukuthi afake isicelo sokucela usizo lwezimali.

■ UKUGQUQUZELEKA KABUSHA

■ UKUHLUMELA KABUSHA


■ UKUVUSELELEKA KABUSHA

■ UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za

I  UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlélwe kabusha ukuhambisana nesimanje